Izwi lakho. Umphakathi wakho. Amandla akho.

UCHUNGECHUNGE LWEZINCWAJANA ZOLWAZI ZOHULUMENI BASEKHAYA

Amakomidi Ezigceme

WARD COMMITTEES

MY MUNICIPALITY
compact
PARTICIPATE
PLAN
ACCOUNT

Le ncwajana ihlinzeka ngolwazi mayelana nohulumeni basekhaya eNingizimu Afrika.

Omasipala babaluleke kakhulu futhi bahlinzeka ngezinsizakalo ezenza ukuthi sikwazi ukuphila impilo enesithunzi futhi sihlale singumqemane.

Amakomidi Ezigceme akhelwe ukuba yizigcawu ezizovumela ukuthi abantu baphathe komasipala. Amakomidi ezigceme kumele abe nolwazi mayelana nezinkinga ezikhona, izinhlelo kanye namaqembu ahlelekile emphakathini futhi akhuthaze ukubamba iqhaza komphakathi ezindabeni ezithinta izigceme. Ayibhuloho elibalulekile elenza ukuthi amakhansela akwazi ukufinyelela emiphakathini, nokuthi imiphakathi ikwazi ukuzwakalisa njalo ukukhathazeka kwayo nezinkinga noma yenze izincomo futhi ithole izimpendulo mayelana nezindaba eziyikhathazayo. Amakomidi ezigceme kumele amele izimfuno-sidingo zomphakathi futhi awalawulwa neze ngamaqembu ezepolitiki.

Indlela asebenza ngayo amakomidi ezigceme

Ezinye zezicibunjalo ezifanayo zamakomidi ezigceme komasipala bonkana yilezi:

- Ikomidi lesigceme kumele libunjwe **ngamalungu angafinyelela kwayi-10** asebenza njengamavolontiya aluleka ikhansela lesigceme.
- Amalungu angamela **imikhakha ethile kanye/noma izindawo ezahlukene** ezingaphakathi kwesigceme.
- **Ikhansela lesigceme lisebenza njengosihlalo wekomidi lesigceme** futhi kumele libize imihlangano njalo.
- Amakomidi ezigceme amele **izimfuno-sidingo ezahlukahlukene zomphakathi**; alekelela ekuqoqweni kwemibono nasekuqapheni inqubekela phambili ezintweni eziseqhulwini zesigceme ngaphakathi kumasipala.
- Amakomidi ezigceme **awumgogodla wokubamba iqhaza komphakathi** komasipala, ikakhulukazi maqondala nenqubo yohlelo lwentuthuko oludidiyelwe (i-IDP).
- Amalungu amakomidi ezigceme **akhokhelwa imali eyisibonelelo sezindleko angene kuzona maqondana nomsebenzi wekomidi** (stipend) ezinjengezindleko zokuhamba kanye neze-airtime/amadatha.
- **Umkhandlu unamandla okuhlakaza ikomidi lesigceme** uma umsebenzi walo ungagculisi.
- **Usomlomo kumele aqinisekise ukuthi amakomidi ezigceme** ayenza kahle imisebenzi yawo.

Umkhandlu kamasipala ngamunye unamandla okunquma maqondana nalokhu okulandelayo:

- **Indlela akhethwa ngayo amakomidi ezigceme.** Umkhandlu ungazikhethela ukuthi amalungu ekomidi lesigceme akhethwa ngevoti eliyimfihlo (lapho abavotayo bevota ngasese) noma ngokuphakamisa isandla. Imithetho eshaywe ngumkhandlu kumele iqinisekise ukuthi amalungu abandakanya nabesifazane kanye namaqembu ancishwe amathuba.
- **Indlela okumele asebenze ngayo amakomidi ezigceme.** Isibonelo, kumele bahlangane kangakhi. Eminye imikhandlu yomasipala ineNqubomgomo Yekomidi Lesigceme kanye nemithetho eyibeka ngokucacile imisebenzi yekhansela njengosihlalo wekomidi lesigceme. Lokhu kumele kutholakale kwiwebhusayithi kamasipala, noma-ke kunxuswe izikhulu zehhovisi likasomlomo ukuthi zihlinzeke ngekhophi yalokhu.
- **Isizathu esingaholela ekutheni ilungu lekomidi lesigceme lixoshwe ekomidini lesigceme.** Imithetho yekomidi lesigceme ngasinye sikamasipala inenqubo esemthethweni okumele ilandelwe ukuxosha ilungu, okungabandakanya ukubuyekezwa kwalokhu yikhansela lesigceme, usomlomo noma ikomidi likamasipala elifanelekile. Umphakathi nawo kumele ubandakanywe.

Ukweseka amakomidi ezigceme

Amakhansela ezigceme kanye nehhovisi likasomlomo kumele bakhuthaze futhi basekele amakomidi ezigceme ngalokhu:

- **Amathuluzi nezinsizakusebenza:** Amakomidi ezigceme adinga ukwesekwa ukuze awenze kahle umsebenzi wawo. Lokhu kubandakanya ukuqinisekisa ukuthi anawo 'amathuluzi okusebenza' adingekayo ekwenzeni umsebenzi, futhi kumele athole ukuqeqeshwa okuqhubekayo nokucijwa ngendlela efanele ukuze kuphuculwe amakhono awo.
- **Ukuqeqeshwa nokucijwa ngendlela efanele:** Amalungu ekomidi lesigceme kumele athole ukuqeqeshwa nokucijwa ngamakhono okuqhubekayo ukuze kwenziwe ngcono ulwazi lwawo namakhono.
- **Ukubika:** Amakhansela esigceme kanye nehhovisi likasomlomo kumele baqinisekise ukuthi kumasipala kuthathwa izinyathelo ezifanelekile mayelana nalokho okushiwo yimibiko yekomidi lesigceme yanyanga zonke kanye nokuthi ziyaxazululwa izinkinga zomphakathi. Imibiko yekomidi lesigceme kumele ibe wudaba oluhlala lukhona njalo kwi-ajenda yekomidi kanye ne-ajenda yemihlangano yomkhandlu. Lokhu kumele kufakwe kwinkontileka yokusebenza yomphathi kamasipala.
- **Imihlangano:** Amakhansela esigceme kumele abambe njalo imihlangano yekomidi lesigceme, okungenani kanye ngenyanga (futhi kumele ivuleleke ukuze umphakathi ukwazi ukuyethamela). Kumele kube nemihlangano yomphakathi yesigceme ebanjwa njalo ukuze kubikwe ngokusebenza kukamasipala (okungenani kanye ngekota yonyaka).
- **Ukufinyelela olwazini:** Amakhansela kumele aqinisekise ukuthi amakomidi ezigceme ayaluthola ulwazi aludingayo ukuze akwazi ukuqapha nokuhlola, futhi aqinisekise ukuthi umasipala uyawuhlinzeka umphakathi ngezinsizakalo.
- **Ukuqapha amaphrojekthi:** Amalungu ekomidi lesigceme angalekelela ekuqapheni nokuhlola imiklamo ehlukahlukene eyenziwayo esigcemeni sawo, futhi aqinisekise ukuthi kunokuxhumana okuhle phakathi kukamasipala nomphakathi futhi umphakathi uhlinzekwe ngolwazi lwakamuva ngalokho okuqhubekayo.
- **Ukukhokhelwa isibonelelo sezindleko (Stipends):** Amakomidi ezigceme kumele akhokhelwe imali eyisibonelelo sezindleko esanele, futhi kumele sikhokhwe ngokugcwele nangesikhathi esifanele nyanga zonke.

Ward committee meetings should be open to the public. Citizens should insist that ward committees discuss issues important to the community!

Uhlu-kuhlola lokubheka ukuthi amakomidi ezigceme asebenza kahle yini

	YEBO	CHA
Ukusungulwa: Amakomidi ezigceme asunguliwe kuzo zonke izigceme.		
Ukumeleka: Amakomidi ezigceme abonisa ukumeleka kwabo bonke abantu ngokwahlukahlukana kwabo esigcemeni ngasinye (ngokwendawo nangokomkhakha).		
Ukuqeqeshwa kokujwayezwa umsebenzi omusha (induction): Umasipala uhlinzeka ngokuqeqeshwa okuwusizo kumalungu amasha ekomidi lesigceme ukuze ajwayezwe umsebenzi.		
Izindima nemisebenzi: Amakomidi ayizinhlaka ezisebenzayo ezeseka ukuhlela okusekelwe phezu komphakathi futhi ezibhekelela izidingo nezimfuno zomphakathi. Izinhlelo zesigceme zenziwa ngokubonisana nomphakathi kanye nababambiqhaza ababalulekile.		
Ukukhokhelwa isibonelelo sezindleko: Amalungu ekomidi lesigceme akhokhelwa ngokugcwele futhi ngesikhathi esifanele njalo ngenyanga isibonelelo sezindleko angene kuzona maqondana nemisebenzi yekomidi.		
Ukuhlinzeka ngezinsizakusebenza kanye nokwesekwa: Amalungu ekomidi lesigceme ayahlinzekwa ngezinsizakusebenza kanye nokwesekwa okudingekayo ukuze akwazi ukwenza umsebenzi wawo emiphakathini, kubandakanya nendlela yokuzazisa nokuzihlonza (ukuze abonakale kahle emphakathini).		
Imihlangano yezigceme: Iyabanjwa imihlangano yesigceme yanyanga zonke nekhansela lesigceme kanye namalungu ekomidi lesigceme.		
Imihlangano yezigceme yomphakathi: Ibanjwa njalo imihlangano yomphakathi esigcemeni (okungenani kanye ngekota yonyaka), ngokunjalo futhi nemihlangano yabahlali abakhele umgwaqo othile kanye nemihlangano yamaqoqwana ezindawo ezingaphansi kwesigceme (block), lapho kufanelekile.		
Indima kasihlalo: Kunobudlelwane bokusebenzisana okuhle phakathi kwekhansela lesigceme kanye namalungu ekomidi lesigceme.		
Ukubika: Icutshungulwa ngendlela efanele imibiko yekomidi lesigceme yanyanga zonke ngokusebenzisa ihhovisi likasomlomo bese ifakwa kwi-ajenda yekomidi neyomkhandlu ukuze kubhungwe ngayo bese kuthathwa izinyathelo ezifanelekile ngalokho ekushoyo.		
Ukuqeqeshwa nokucijwa ngendlela efanele: Umasipala uhlinzeka ngokuqeqeshwa nokucijwa okuqhubekayo kumalungu ekomidi lesigceme ngenkathi esesezikhundleni njengamalungu (ukuqeqeshwa ngenhloso yokuvuselela ulwazi).		

OKUMELE KWENZIWE LAPHO AMAKOMIDI EZIGCEME EHLULEKA UKUSEBENZA KAHLE

Uma umphakathi wakho uzamile ukuxhumana nekhansela lesigceme kanye nekomidi lesigceme, kodwa kungekho mpendulo oyitholayo, zikhona izinto ezimbalwa ongazenza.

1. Thumela isikhalazo noma uqale iphethishini

- Isikhalazo singathunyelwa ehhovisi likasomlomo mayelana nokuziphatha kwekomidi lesigceme kanye namalungu alo. Isikhalazo sizoba ngesiqine kakhulu uma sibonisa ukuthi laba bahluleke kanjani ukulandela imithetho, ngakho-ke ukubhala phansi izinkinga kungaba wusizo.
- Iphethishini ingathunyelwa emkhandlwini kamasipala lapho unxuswa khona ukuthi usukume uthathe izinyathelo ezifanelekile.
- Umasipala anganquma, kusukela lapho, ukulixosha ilungu lekomidi lesigceme noma ahlakaze ikomidi lesigceme, futhi lokho kuzoya ngokwemithetho yakhe umasipala.

2. Qinisekisa ukuthi amakomidi esigceme angomuso asabela kakhudlwana

Indlela akhethwa ngayo amakomidi ezigceme inomthelela kwindlela azoziphatha ngayo esikhathini esizayo, futhi kubalulekile ukuthi umasipala uqhamuke nemithetho ezoyisebenzela kangcono imiphakathi. Isibonelo, ukuvota okuyimfihlo kungavumela ukuthi kube nenkululeko enkudlwana ekukhetheni lowo ofunwa ngabantu.

3. Khulumani mayelana nokuthi ubani enifuna ukuba kuphakanyiswe igama lakhe ukuze aqokelwe ukuba yilungu lekomidi lesigceme.

Imiphakathi kumele ixoxisane futhi ikhethe abantu abafanelekile esigcemeni, okungaphakanyiswa amagama abo njengamalungu angaqokelwa ekomidini lesigceme okhethweni oluzayo.

! **Unfortunately, many ward committees are dysfunctional, operate as part of the ward councillor's political party or have been 'captured' by individuals interested in self-enrichment. Some are simply ineffective and unaware of their responsibilities, requiring training and support from the municipality. Let's change this!**

ISIBOPHEZELO ESENZIWA NGAMALUNGU EKOMIDI LESIGCEME

Wonke amalungu ekomidi lesigceme kumele kuthi lapho esekhethiwe asayine lesi sibophezelo esibekwe ngokucacile lapha ngezansi, ukuze abonise ukuzibophezela kwawo ekomidini lesigceme akhethelwe kulona. Lokhu kumele kube njengesifungo esenziwa yilungu ngalinye lekomidi lesigceme. Isibophezelo sifundeka kanje:

Mina u-.....ngiyaqinisekisa ngobuqotho:

Mina u- ..... ovela esigcemeni ..... ngiyazibophezela ekutheni ngizogqugquzela futhi ngisebenze ngendlela ezohlomulisa iSigceme Esingunombolo .....emphakathini wase....., ngaphansi kukaMasipala wase-.....

Ngiyaqinisekisa ukuthi ngihlala ngaphansi kwegunyakuphatha likaMasipala wase- ...., futhi ngingumhlali ozinikele kanye nomvoti obhaliswe ngaphansi komphakathi weSigceme esinguNombolo: .....

Ngaphezu kwalokho ngiyaqinisekisa futhi ukuthi ngiyifundile futhi ngayiqonda imigomo yokuziphatha yamalungu ekomidi lesigceme njengoba isuselwe kwisimiselo soMthetho Wezinhlaka Zomasipala, we-1998 woHulumeni Basekhaya , Uhlakamthetho Lukazwelonke: Imigomo Yokunquma Imali Yezindleko Okumele Ikhokhelwe Amalungu Amakomidi Ezigceme, yowezi-2009, kanye nazo zonke izinhlakamthetho ezihlobene nalokhu, ngokunjalo futhi neMithethozimiso Engenakuguquka kaMasipala wase- ..... Ngiyifunde ngokucophelela le migomo yokuziphatha ngaphandle kokuphazanyiswa futhi ngokukhululeka, futhi ngeke neze ngithi bengingenalo ulwazi mayelana nayo. Ngiyavuma ngokuphelele ukuthi iMigomo Yokuziphatha izoba yisibopho kimina ngenkathi ngifezekisa izibopho zami futhi ngenza imisebenzi yami njengelungu leKomidi Lwesigceme elithembakele futhi eliziphethe ngobuqotho, eliwuthobelayo umthetho nemigomo ebekiwe. Ngiyavuma futhi ukuthi inkokhelo yami maqondana nezindleko engingene kuzona ngenkathi ngenza umsebenzi wami (uma ikhona inkokhelo enjalo kumasipala wami) izoncika ekutheni ngizifezekisile yini izibopho zami njengoba zibekiwe ngenhla.

Sisayinwe ngu-.....endaweni yase-..... mhlaka.....enyangeni ka-..... onyakeni ka-.....

Ufakazi 1:
Igama:..... Isiginesha: .....

Usuku:.....

Ufakazi 2:

Igama.....

Isiginesha: .....

Usuku:.....

Abameleli Abakhethiwe Bomkhandlu Kamasipala

Igama Lekhansela Lesigceme: .....

Isiginesha: .....

Usuku:.....

SALGA has published a Code of Conduct for Ward Committee Members. Although it is not legally binding, it sets out the principles a ward committee must follow. It also provides a pledge which ward committee members can sign.

MY MUNICIPALITY compact
PARTICIPATE PLAN ACCOUNT

PARI PUBLIC AFFAIRS RESEARCH INSTITUTE
SALGA SOUTH AFRICAN LOCAL GOVERNMENT ASSOCIATION Inspiring service delivery
INTEGRITY ACTION
Co-funded by the European Union

Iwebhusayithi: https://pari.org.za/compact
Twitter: @Compact_MyMunic
Facebook: Compact – My Municipality
I-imeyili: Girish Daya: girishd@pari.org.za
Winnie Manganye: wmanganye@salga.org.za